Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

- Fundisisa kahle yonke imibuzo ngaphambi kokuphendula.
- Qaphela upelomagama nokwakhekha kwemisho.
- Bhala ngesandla esibonakalayo.
- Amamaki emibuzo yiwona azokutshela ngobude bezimpendulo.
- ISIQEPHU A: Phendula imibuzo emibili yenkondlo
- ISIQEPHU B: Phendula noma yimiphi imibuzo EMIBILI kulena EMITHATHU okuyiNoveli,umdlalo kanye nendaba emfushane.



Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

## UMBUZO 1: INKONDLO EMISELWE

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme**

1. Kwangqondonzulu,
2. Kwangqondonkulu,
3. Kwagula lolwazi,
4. Ngibona abamhlophe ngebala,
5. Bejuluka bezibambe zaqina,
6. Betshala behlakula beqqibela,
7. Ukuze ezinsukwini ezizayo,
8. Bavune isivuno esihle,
9. Sibenze abantu ebantwini,
10. Sibenze abantu phezu kwabantu,
11. Sibenze abantu phezu kwabamnyama,
12. Laba engibafice betetemuka,
13. Beswenke beconsa ngengqephu,
14. Kodwa izingqondo zabo zinqunu,
15. Ngoba behlalela izingcingo zemali,
16. Bedla ingevu engapheli,
17. Behleba ngabantu abathile,
18. Kuzo izishozi zokuxhumana zocingo,
19. Abahlala kuzo imini nobusuku,
20. Kube yisona sichitho kubo nemiqingo,
21. Njengaso isichitho samanzi amponjwana,
22. Njengaso isichitho sokuqoma okungapheli,
23. Njengaso isichitho sobusoka bokufa.

**IMIBUZO**

| | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Tomula ukuxhumana okusemgqeni wama-21 kuya kowama -22 bese uyakugagula. | (2) |
| 1.2 | Chaza Indikimba yale nkondlo. | (2) |
| 1.3 | Fingqa ngamaphuzu amabili umqondo oqukethwe umugqa wama-21 kuya kowama-23. | (2) |
| 1.4 | Yini inhloso yembongi yokusebenzisa isifengqo emgqeni we-19. | (2) |
| 1.5 | Phawula ngomoya otholakala kule nkondlo sekela impendulo yakho. | (2) |

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMBUZO 2: INKONDLO ENGAMISELWE

**UPHOQELEKILE UKUPHENDULA LO MBUZO**

Fundisisa le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Ngiyabonga NoNkosi Wami**

1. Ngiyabonga Nonkosi wami,
2. Ngangisele ngincel' izithupha, ngiyintandane,
3. Nganginjengenkukhu yaliw' emakethe,
4. Wangifukamel' okwesikhukhukazi,
5. Ngangena phansi kwelakh' iphiko.

6. Ngiyabonga Nonkosi wami,
7. Wena unjengengelosi yothando,
8. Wena uvul' izandla zothando,
9. Awunakh' ukukhononda nokubalisa,
10. Okwakh' ukupha kuyachichima.

11. Ngiyabonga Nonkosi wami,
12. Uma ongaPhezul' esakubekile,
13. Uma okhokho besakubhekile,
14. Ngizoyifeza le ndim' engiyalile,
15. Ngizokunik' izinyoni zomntanakho.

16. Ngiyabonga Nonkosi wami,
17. Mina ngiphakathi komhlane nembeleko,
18. Wena Nonkosi, ungumama ungubaba,
19. Baba, mayingangilahlekeli le nsika,
20. Engumnisi waleli khaya.

21. Ngiyabonga ngiyanconcoza Nonkosi,
22. Izinyembezi zeminyaka zesuliwe,
23. Wangenz' umuntu ngingenalutho,
24. Abangilahlis' okwenyongo yenyathi,
25. Ngemhloph' inhliziyo ngiyabaxolela.

**IMIBUZO**

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | Nikeza indikimba yale nkondlo? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 2.2 | Nika uphinde ugagule imvumelwano etholakala ebinzeni lokuqala. | (2) |
| 2.3 | Chaza umoya otholakala kule nkondlo | (2) |
| 2.4 | Iyini inhloso yembongi ekubhaleni le nkondlo? | (2) |
| 2.5 | Ngabe iqonde ukuthini imbongi ngala mazwi asemugqeni wama- 24 kuya kowama-25 | (2) |

**[10]**

**20 AMAMAKI**

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIQEPHU B

**INOVELI: KWASA NGOKUNYE [20]**
**UMDLALO: NGIMUZWA NGAPHAKATHI [20]**
**INDABA EMFUSHANE: UZINYOBULALA [20]**

Phendula imibuzo **EMIBILI** kulena **EMITHATHU** elandelayo.

**UMBUZO 3**
**INOVELI: KWASA NGOKUNYE**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

> Wayethukuthele egane unwabu uGumbi ngesikhathi ehleli ehhovisi lakhe likanokusho. Wayethi uzama ukuzincenga kodwa wahluleka. Ngisho nesihlalo esidilayayo ayehlezi kuso kwaba sengathi siyamshisa, wasukuma wama ngezinyawo. Kwaba ngukusukuma nje wazulazula nehhovisi lonke. Wayelokhu ejeqeza iwashi legolide esihlakaleni sakhe, anikine ikhanda. Amehlo awaphakamisele ewashini elikhulukazi elisodongeni, anxaphe kakhulu. Wabuyela etafuleni lakhe elichichima amaphepha nezincwadi, wagxavula ucingo Waqala ukuchofoza inombolo ngolukhulu ulaka lolu. Lwakhala kwaba kanye vo, kwangqongqozwa esicabheni sehhovisi lakhe. Wahlahla amehlo, walucupha ucingo endlebeni washo ngesankahlu wathi "ngena" savuleka ngobunono bekati isicabha. Kwangena ithishelakazi elithe klwi ngomzimba. Laba ngukungena lamuthi nhla uGumbi ongumalume walo, kanti futhi unguthishanhloko eGirls High School, khona eMgungundlovu. Lafunda kwezalo ithishelakazi ukuthi umfula udla izindwani la kuNinalume. ''Nomsa kodwa yini lena oyenzayo? Hlazo lini leli ongifaka kulona mina nesikole sami?" wamhlahlela ngamabi amehlo.

**IMIBUZO**

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | Ubani isibongo sikaNomsa futhi bahlobene kanjani noGumbi? | (2) |
| 3.2 | Nika izizathu ezintathu ezibangela ukuthi uGumbi ngokwalesi siqephu athukuthele agane unwabu? | (2) |
| 3.3 | Chaza ngodweshu olutholakala kulesi siqephu? Sekela impendulo yakho | (3) |
| 3.4 | Xoxa ngesizinda sale noveli ngaphansi kwalezi zihlokwana: | |
| 3.4.1 | Isikhathi | (2) |
| 3.4.2 | Indawo | (2) |
| 3.4.3 | Isimo senhlalo | (2) |
| 3.5 | Chaza umyalezo wale Noveli. | (2) |
| 3.6 | Ucabanga ukuthi kufanele yini othisha bathandane bebe befundisa esikole esisodwa? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 3.7 | Uyazwelana yini nomlingiswa onguNomsa ngenkathi esexoshiwe emsebenzini? Sekela impendulo yakho? | (3) |
| | | **[20]** |

**AMAMAKI:20**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4**

**UMDLALO: NGIMUZWA NGAPHAKATHI**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**INKUNDLA YESINE**
**ISIGCAWU SOKUQALA**

(Inhlanzi ishelwe amanzi kuZonke, aphelile amahlathi okucasha. Isisu sesiyibhola. Nonina akasawubambi umshini, ucikwa nawukuthi sonke lesi sikhathi uZonke ubemfihlele indaba enkulu kangaka. Uzonde uKhosi emnuka ngokuthakatha kanti iqiniso uyalazi.)

**uMabusi:** (Ubhodla umlilo) Angisakudingi noma ngikubone lapha emzini wami! Ungihlekise nomphakathi uthi uyathakathwa udlala ngengane yabantu kanti ufihla ukungcola kwakho. Ngeke sibe omama sibe babili lapha ekhaya, futhi ngeke ngiqhubeke nokufundisa umuntu osezoba umama.

**uZonke:** (Uyazincengela) Ngizoba yini mama uma sengilahlwa nguwe? Nobaba angimazi nokuthi washona kuziphi izintaba. Yebo ngonile kepha ngicela uxolo, ngingaba yini ngaphandle kwekhaya? Ubani oyocosha into elahlwe umzali wayo? Umuntu akalahlwa ephila mama.

**uMabusi:** (Ushaya amakhala) Ukube ubukwazi konke lokho ngabe awuzange ujahe izinto zabantu abadala. Okunginyanyisaya du ukuthi ubuvalelana nalo mfana kaZethu la emzini wami. Awunanhlonipho Zonke. Ungithele ngechilo, uhlaze umuzi wami, uwuqede nya isithunzi wenze amanyala enyoka kula magceke. Phuma uphele, kungcono ngisale ngingenangane kunokuthi ngithi ngizele kanti ngizele isipoki esivutha emini ezinye zivutha ebusuku.

**uZonke:** Ngonile mama kepha ngingamathumbu akho. Anginaye omunye umama. Yebo isono sami ngiyasazi kepha njengomuntu kaNkulunkulu uzokhumbula ukuthi lithi iBhayibheli wozani nazo zibomvu ziyigazi kepha zizohlanzwa.

**uMabusi:** Ungalinge nje uphathe igama likaNkulunkulu ngeze. Uyisikhohlakali sengane!

**IMIBUZO**

| | | |
|---|---|---|
| 4.1 | Nikeza igama lomlingiswa owakhulelisa uZonke. | (1) |
| 4.2 | Gagula Umlingiswa ongummeleli kulo mdlalo bese wesekela impendulo yakho. | (2) |
| 4.3 | Chaza kafushane udweshu olutholakala kulesi siqeshana esingenhla. | (3) |
| 4.4 | Fingqa ngamaphuzu amabili isizathu esenza ukuthi uMabusi athukuthale agane unwabu esiqeshini esingenhla. | (2) |
| 4.5 | Qhathanisa indlela uMabusi ayephatha ngayo uZonke umdlalo usaqala kanye nendlela ayesemphethe ngayo kulesi siqephu esingenhla. | (4) |
| 4.6 | Hlolisisa isizinda salo mdlalo ngaphansi kwalezi zihlokwana: | |
| 4.6.1 | Isikhathi | (2) |
| 4.6.2 | Isimo senhlalo | (2) |
| 4.7 | Uyazwelana yini nomlingiswa onguZonke ngenkathi exoshwa ngumama wakhe esiqeshini esingenhla? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 4.7 | Phawula ngomyalezo otholakala kulo mdlalo. | (2) |
| | | **[20]** |

**20 AMAMAKI**

**NOMA**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5**

**INDABA EMFUSHANE: UZINYOBULALA**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

> "Sanibonani baba nomama. Ngicela ukubuza ukuthi nizomvumela yini uLihle ukuthi angivakashele," esho elunguze ewindini lemoto qede kuthi khafu iphunga lotshwala.
>
> "Ngithe angeke akwazi ukukuvakashela namuhla. Uphi yena" evutha ngolaka uMusa esezwa ukuthi kanti idakiwe le ntombazane.
>
> "Ukhona baba. Ngisayomlanda," uMbali washona ngaphansi kwesihlahla esiseduze kwemoto kaMusa.
> "shhh! Sekufike abazali bakhe. Lihle vuka Lihle vuka," uMbali ezitshela ukuthi uyahlebeza kanti lutho. Baphuma emotweni oMusa noDudu, bashona ngaphansi kwesihlahla leso. Bazibonela konke. ULihle wayedakwe engazazi negama. Ikhanda lase lihliphike laphela, ingubo ayeyigqokile isingcole iwudaka. "Lihle unjani uma unje?" kubhavumula uMusa ngolaka olwesabekayo.
>
> "Udakiwe baba, usuke waphuza utshwala kanti ukhulelwe," kusho omunye umfana owaba ukusho lokho wayezihambela. UMusa noDudu babukana emehlweni. Zehla izinyembezi kuDudu. "Akadakiwe kakhulu. Ukuthi usuke waxuba ubhiya nogologo," kusho uMbali owayelokhu enyakazisa uLihle owayelele ja.

**IMIBUZO**

| | | |
|---|---|---|
| 5.1 | Nika isizathu esasenza abazali bakaLihle bezomlanda esikoleni. | (2) |
| 5.2 | Gagula igama lesikole uLihle benoMbali ababefunda kuso. | (2) |
| 5.3 | Chaza ngamafuphi umoya otholakala esiqeshini esingenhla. | (2) |
| 5.4 | Nikeza indikimba yale ndaba. Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 5.5 | Ngabe umlingiswa onguDudu uvezwa njengomlingiswa onjani kule ndaba? | (2) |
| 5.6 | Ngokucabanga kwakho isenzo sikaLihle sokuphuza utshwala sihle yini? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 5.7 | Chaza Isizinda sale ndaba ngaphansi kwalezi zihlokwana: | |
| 5.7.1 | Isikhathi | (2) |
| 5.7.2 | Indawo | (2) |
| 5.8 | Uyavumelana yini nombono othi uLihle uyingane eyahluleka ukuziphatha kahle? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 5.9 | Xoxa ngempumelelo yombhali ekuphetheni le ndaba emfushane. | (2) |
| | | **[20]** |

**20 AMAMAKI**

**AMAMAKI ESEWONKE:60**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU A: IZINKONDLO

### UMBUZO 1: INKONDLO EMISELWE

1.1 Njengaso isichitho samanzi amponjwana
Njengaso isichitho sokuqoma okungapheli, (1)

Ukuxhumana okusekuqaleni (1)

NOMA

1.1 Njengaso isichitho samanzi amponjwana
Njengaso isichitho sokuqoma okungapheli, (1)

Ukuxhumana okumaphakathi (1)

1.2 Indikimba yale nkondlo imfundo ngoba kule nkondlo imbongi ikhulumna ngobuhle kanye nobubi bezinto ezenziwa abafundi ezikhungweni zemfundo ephakeme. (2)

1.3 Emgqeni wama-21 imbongi ikhuluma ngabafundi abaphuza utshwala ezikoleni (1)
Emgqeni wama-21 kuya kowama-22 imbongi ikhuoluma ngabafundi abazibandakanya nokuthandana bagcina sebeshona okanye bathole izifo zocansi. (1)

1.4 Inhloso yembongi yokusebenzisa isifengqo eziyi-okzmoroni ukusigqamisela ukuthi abafundi basebenzisa omakhalekhukhwini ngaso sonke isikhathi esikhundleni sokuthi benze umsebenzi wesikole. (2)

1.5 Umoya otholakala kule nkondlo owokukhathazeka lokho kugqanyiswa imigqa yenkondlo evalekile ngoba inezimpawu zokuloba ekugcineni nokuthi enkondlweni imbongi ikhathazwa abafundi abaya ezikhungweni zemfundo balibale utswala, ukuhleba, ukuthandana esikhundleni sokufunda. (2)

**[10]**

### UMBUZO 2

### INKONDLO ENGAMISELWE

2.1 Indikimba yale nkondlo ukubonga kuMdali ngoba kule nkondlo sithola imbongi ibonga kuNkulunkulu ngokungayilahli isijikelwe yibo bonke abantu emhlabeni. (2)

2.2 Ngangisele ngincel' izithupha, ngyintandane,
Nganginjengenkukhu yaliw' emakethe, (1)

Imvumelwano siqalo (1)

2.3 Umoya otholakala kule nkondlo umoya wokubonga ngoba imbongi iyabonga kuNkulunkulu owama nayo isebunzimeni bonke abantu beyihlamuka ingasenabo ngisho abazali kodwa uNkulunkulu wamfukamela. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

2.4 Inhloso yembongi ngokubhala le nkondlo ukusinika ithemba ngoNkulunkulu ukuthi uhlale ekhona akalahlani noma sekunezinkinga eziningi kangakanani kodwa uhlale enathi njalo. (2)

2.5 Imbongi isebenzise isifaniso esichaza ukuthi labo abajikela imbongi bangabe besayinaka isishonelwe abazali imbong iyabaxolela yize bengaxolisile bona. (2)

**[10]**

**ISIQEPHU B**

**UMBUZO 3: INOVELI**

3.1 Msomi, uGumbi umalume ka nomsa. (2)

3.2 Unomsa ushaye ingane yesikole, wayiphula isandla ogama layo lingu silvia kanye nokuthi ukushaywa kwezingane ezikoleni akusavumelekile. (2)

3.3Udweshu lwangaphandle, sithola uGumbi ecasukile ebuza uNomsa ukuthi uyishayeleni ingane yesikole ekubeni kungekho emthethweni (3)

3.4.1 Isikhathi samanje- umfundi uzokwesekela ngokwenzeka kwiNoveli (2)

3.4.2 Indawo yaselokishini laseMgungundlovu- umfundi uzosekela ngokucaphuna kwiNoveli (2)

3.4.3 Isimo senhlalo sixubile- umfundi uzosekela impendulo yakhe ngokucaphuna kwiNoveli (2)

3.5 Uma uyingane yesikole kumele ufunde ungathandi abafana njengoSilvia ngoba uzokhulelwa bese kudingeka ukuthi uyeke isikile/ ungahlanganisi umjolo nemfundo ngoba uzosisola ekugcineni njengo Brian kanye noSilvia/ ukungashayi izingane zesikole uma unguthisha ngoba uzophelelwa umsebenzi ngengoNomusa. (2)

3.6 Umbuzo ovulelekile (2)

3.7 Cha angizwelani naye ngoba kwakungafanele ashaye uSilvia ngoba ukushaywa kwezingane kwavalwa ezikoleni.UNomsa wahluleka ukulandela umthetho owabekwa uHulumeni (3)

NOMA

Ngiyazwelana naye ngoba waganjwa intukuthelo ehambisana nesikhwele wayezitshela ukuthi uSilvia uthandana ngempela nothisha uBhengu

**20 AMAMAKI**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4: UMDLALO**

4.1 Njabulo. (1)

4.2 Zonke ungumlingiswa ongummeleli ngoba wonke umdlalo uzungeze yena kusukela esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni somdlalo. Ubhekana nenkinga yokukhulelwa ebe esafunda isikole. (2)

4.3 Udweshu lwangaphandle ngoba sithola umlingiswa onguMabusi uxabana nendodakazi yakhe uZonke babanga ukuthi uZonke ukhulelwe uze uyamxosha emzini wakhe ngengoba emthele ngaleli hlazo. (3)

4.4 Okokuqala ukuthi uZonke ubevalelana nomfana onguNjabulo emzini wakhe
Okwesibili ukuthi ukuthi uZonke wajaha izinto zabantu abadala wazibandakanya ocansini eseyingane yesikole. (2)

4.5 indlela ayemphatha ngayo umdlalo usaqala kanye nendlela ayesemphethe ngayo esiqeshini esingenhla ayifani. Ekuqaleni wayemphatha kahle eyiqanda lakhe engakwazi nokumthethisa kanti esiqeshini esingenhla useyakwazi ukumthethisa uma onile. (4)

4.6.1 Isikhathi esamanje sithola uZonke uyakhulelwa kodwa uyanikiwa ilungelo lokufunda yize ekhulelwe. (2)

4.6.2 Isimo senhlalo sixubile sibi ngenkathi uZonke ekhulelwa kuba nengxabano esikoleni kanye nakuMzali wakhe sishintshe sibe sihle esiphethweni salo mdlalo lapho uNjabulo kanye noZonke sebelibona iphutha labo bexolisa kuMabusi ngokumphatha kabi. (2)

4.7 Umbuzo ovulelekile (2)

4.8 Akufanele uma uyingane esafunda isikole uzibandakanye ocansini ngoba lokho kuba nemiphumela engemihle njengoba sibonile kwenzeka kuNjabulo kanye noZonke. (2)

**20 AMAMAKI**

**UMBUZO 5: INDABA EMFUSHANE**

5.1 Isizathu sokulandwa kukaLihle esikoleni ukuthi uLihle wayeye emcimbini wokuvaleliswa kwabafundi nelanga lase lishonile. (2)

5.2Estcourt High (2)

5.3 Umoya wokuphoxeka ngoba abazali bakaLihle baphoxwe uLihle ophuze amanzi amponjwana kianye nokuthi ukhulelwe. (2)

5.4 Ukukhulelwa kwezingane ngoba endabeni sithola uLihle eyingane yesikole uyakhulelwa esafunda. (2)

5.5 UDudu uvezwa njengomlingiswa ophaphayo aphinde abe nezimfihlo. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

5.6 Umbuzo ovulekile. (2)

5.7.1 Isikhathi samanje- umfundi uzosekela ngokwendaba emfushane. (2)

5.7.2 Indawo-Indawo yasedolobheni laseMgungundlovu. (2)

5.8 Yebo wahluleka ukuziphatha kahle ngoba sithola ekhulelwa ebe esafunda isikole. (2)

5.9 Uyiphethe ngengwijikhwebu ngoba besingalindele ukuthi uLihle ukhulelwe besizitshela ukuthi uzobuyela ekhaya beyoqhubeka nokugubha usuku lwakhe lokuzalwa. (2)

**20 AMAMAKI**

**AMAMAKI ESEWONKE: 60**

